

UMNYANGO WOKUTHELISA WAKWA-SARS USHABALALISE IZIMPAHLA EZITHELEKISWE NGOKUNGEMTHETHO ZENANI ELINGAPHEZULU KUKA- R7-MILLION

DURBAN, ngoLwesihlanu 29 kuLwezi 2019 – Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zoPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ekuseni namuhla uqale ukushabalalisa izimoto nezingubo zokugqoka ezimbalwa ezithelekiswe ngokungemthetho zenani elingaphezulu kuka-R7-million e-Durban ngemizamo yokuqeda izimpahla ezithelekiswe ngokungemthetho ezilimaza umnotho.

Angaphezulu kwe-13 000 amabhele ezingubo zokugqoka ezithelekiswe ngokungemthetho, zenani lika-R6,75-million, kanye nezimoto eziyi-15, zenani lika-R450 000.00, okuzosatshalaliswa.

Ngokwesikhulu soMnyango wokuThelisa kwa-SARS uMnu Patrick Moeng, uMnyango wokuThelisa kwa-SARS usushabalalise amabhele ayizi-11 514 ezingubo zokugqoka nezicathulo kwenani elingu-R2,5-million kanye nezimoto zenani elingu-R7,1-million kusukela mhla lu-1 kuMbaso kulo nyaka.

Uthe ukuhweba okungemthetho kwenzeka ngezindlela ezehlukene. Lokhu kubandakanya, phakathi kokunye, ukukhwabanisa (ukungenisa izimpahla ezweni zingabanjwa, noma ukuthelekisa zingabanjwa), ukuhanjiswa kwezimpahla okunomgunyathi kusetshenziswe izwe lesithathu ukuze basebenzise ithuba lentela yokungenisa impahla ekhethekile kanjalo nokudalulwa okungelona iqiniso kwezimpahla ngaphansi kwezihloko zezinhlawulo ezingenayo intela enkulu.

Kamuya, kusanda kusungulwa ithimba elisezingeni eliphezulu lokusebenzisana kohulumeni phakathi koMnyango woHwebo neziMboni (i-DTI), iKhomishana yamaZwe Omhlaba yokuHweba nokuSingathwa (i-ITAC) kanye nabakwa-SARS ukuze babhekane nohwebo olungemthetho, kugxilwe kakhulu ezingubeni zokugqoka, izindwangu, isikhumba kanye nezicathulo, izingcucu zensimbi kanye negolide.

Njengalungu laleli thimba, abakwa-SARS basebenze ngokuzinikela ezifundazweni ezintathu ezinkulu okuyizo ezinesibalo esiphezulu somthamo ongeniswayo wezingubo zokugqoka nezindwangu. Lezi zifundazwe yisifundazwe saseNtshonalanga Kapa, iKwaZulu Natali kanye nase-Gauteng.

UMnu Moeng uthi umthelela omubi lokhu kungeniswa kwempahla ngokungemthetho okunawo kubandakanya lokhu okulandelayo:

- izintela zempahla ephumayo kanye nentelantengo (VAT) okumele kukhokhwe kwa-SARS azikhokhwa, okubangela ukuphunza emalini engenayo
- kukhipha umnotho wasekhaya othintekayo endleleni yokusebenza

- ukwehla kwamandla ezwe okukhiqiza izimpahla kuleli
- ukuphela kwemisebenzi, ikakhulu ezimbonini ezikhiqizayo
- ukuphulwa komthetho wamalungelo empahla engumqondo noma isu lomuntu
- ukudikibalisa izinkampani zakuleli ukuba zibe namasu amasha kulezi zimboni
- kukhulisa inkohlakalo ngalezi zenzo ezingekho emthethweni.

UMnu Moeng wengeze ngokuthi ukungeniswa kwempahla ngokungemthetho kuphinde kube nobungozi obukhulu kwezempilo kubathengi ngenxa yokutholakala kogwayi oshibhile nongalawuliwe okushayisanayo nenqubomgomo yezempilo kahulumeni.